

Nesh: 25.02.2021

„Mbonge uJehova, mphefumulo wami! ...“

Makoti uKaMatutu, Nesh, Dadewethu,
Schwägerin KaMatutu, Nesh, meine Schwester,

leli vesi lokuqala nelesibili leHubo 103, enivumelene ukuthi liqoshwe etsheni lesikhumbuzo endaweni uMntungwa aseyophumulela khona, yivesi uBonga nami esafika safunda ukulizwa kabusha, salithanda, ezintshumayelweni zikaMfundisi uBNB Ngidi sifunda eToti [1968-1970 | 1969-1971]:

dieser erste und zweite Vers aus Psalm 103, den ihr übereinstimmend dafür bestimmt habt, ihn an den Gedenkstein an Mntungwas Ruhestätte einhauen zu lassen, ist eine Bibelstelle, die Bonga und ich aus den Predigten von Pastor BNB neu zu hören gelernt und zu mögen, als wir [beide] Schüler in Toti waren [1968-1970 | 1969-1971]:

*„Mbonge uSmakade, mphefumulo wami; ...
ungakhohlwa yimisebenzi yakhe yonke yomusa!“
„Lobe Gott, meine Seele; ...
und vergiss nicht, was er dir Gutes getan hat!“*

Eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlule leli vesi liqhubekile laba yintshumayelo nemvuselelo ezimweni eziningi uMfowethu nami esikhulé sabhekana nazo ngokufanayo nalapho sesisezindimeni eziqheleleneyo empilweni, lasigcina sixhumene, lasakha, lasipha umdlandla namandla amasha ezivivinyweni nasemizabalazweni eminingi esedlula kuyo. Selaba umkhuleko wami ngaphambi kokudla; nabantwabethu bakhulé sikhuleka nabo kanjalo cishe nsukuzonke.

In den zurückliegenden fünfzig Jahren ist diese Bibelstelle meinem Bruder und mir in und angesichts der vielen Anforderungen, die wir – gemeinsam und in der Unterschiedlichkeit unserer weiteren Lebensphasen – haben erkunden und bestehen müssen, weiterhin Zuspruch und Ansporn geblieben; hat uns zusammengehalten, aufgerichtet, Mut gemacht und uns neue Kraft geschenkt. Sie ist mein Tischgebet geworden; auch unsere Kinder sind aufgewachsen und haben sie fast täglich mit uns rezitiert.

Sesimphelekezela okokugcina uMntungwa namuhla [25.02.2021; 11:00h], sesiyomethula kwabakithi asebasihambela phambili, siwunambithisisa kanye naye lo mkhuleko wokubonga koPhezukonke ngakho konke uSomandla asenzela khona ngokusipha le nsizwa kaMkhulunyelwa noMaZungu esibé nenhlanhla yokuyazi, nanethuba lokuthi siphile nayo, sibusiseke ngayo kuze kube sekuhambeni kwayo okungelula nanamhla lokhu ukuthi sikwemukele – oPhezukonke sesimbongela ikakhulukazi ukuthi, ukufa sekufikile, sekuhlasele, uMlamlali wambonelela, waphuthuma, wamhlenga uMntakababa ezinhlungwini nasebunzimeni obukhulukazi obabumcathamela, bumzongela kuleyo mizuzu yokugcina esibhedlela kwembulwa kwembeswa, waphunyuka, waphepha ezingqinambeni zonkana, waziphumulela okaMzilikazi!

Wenn wir heute [25.02.2021; 11:00 Uhr] Mntungwa nun mal letztmals geleiten, ihn zu den Unsrigen, die uns auch schon vorausgegangen sind, zur Ruhe legen wollen, sprechen wir mit ihm zusammen dieses Gebet des Dankes an den Allerhöchsten nachdenklich mit, dem Allmächtigen für all das dankend, was er durch diesen Sohn von Mkhulunyelwa und MaZungu geschenkt hat, den wir das Glück bekamen, ihn zu kennen, und die Gelegenheit, mit ihm zu leben, durch ihn gesegnet zu werden bis zu seinem Weggang, den wir heute noch nicht wahrhaben wollen – dem Allerhöchsten vor allem dafür danken, dass – als der Tod kam – er rettend dazwischen gegangen ist und unseren Lieben von den Schmerzen und dem Leid, dem er in jenen schweren letzten Augenblicken im Krankenhaus noch hätte anheimfallen können, fürsorgend erlöst hat. Entkommen, allen Unabwägbarkeiten hinter sich lassend, erlangte er endgültig Ruhe, der Nachkomme Mzilikazis!

Isililo esisala naso sisithululela emazwini alo mkhuleko esibonga kuwo uSmakade ngakho konke okusihlanganisa nowakwethu osephumule ngokupheleleyo ezandleni zakhe, insizwa kaMkhulunyelwa, umfana kaMaZungu, umQulusi, [umhlahlandlela](#), [uMzansi phaga](#) – *a firmly founded and far-sighted **Southern African!***

Die Trauer in uns legen wir nun in den Worten dieses Gebets hinein, in dem wir dem Ewigen für all das danken, was uns mit dem Unseren, der nun gänzlich und auf ewig in Seinen Händen ruht, verbindet, dem Sohn Mkhulunyelwas, dem Jungen MaZungus, [dem Pfadfinder und Pionier](#), [dem tiefverwurzelten und weitschauenden Mzansi](#) - *einer herausragenden [Persönlichkeit Südlichen Afrikas!](#)*

Asikhuthazane ukuqhubeka siphile ekumbongeni osithandayo nosiduduzayo nonathi nganeno nangaphesheya kwethuna.

Lass uns weiterhin dem dankbar verbunden bleiben, der uns liebt und trösten und der im Leben und darüber hinaus mit uns ist.

**„Mbonge uSmakade, mphefumulo wami; ...
ungakhohlwa yimisebenzi yakhe yonke yomusa!“**

„Lobe Gott, meine Seele; ...
und vergiss nicht, was er dir Gutes getan hat!“

Ngumnewenu uBen nomndeni | [Dein Bruder Ben und Familie](#)

<http://www.benkhumalo-seegelken.de/>

„Niemand darf benachteiligt oder bevorzugt werden!“

>> [Bongani Khumalo \[1952-2020\]](#)